U'Ngcobo Omkulu.

Kulaba ke bakwo Ngada kudwa ama "Ngadti," kwabako Rodoba kutiwa "Tshuku," "Tshangase;" inganti bangama Ngcobo akwamaFuze bonke kenye kanye. Kepa zikona nezinye izizwe zika Ngcobo omkulu, osekwati ngokweluleka okude kwezikati, ezingasa qondakal'ukuzalwa kwazo. Ngitsho njengoba senginitshelile nje ngalaba bakwa Mkalipi ka Nombuya bakwa Madhliwaiyeve, okutiwa kubo "Ngcobo Bhelesi;" nangalaba baka Faku kaMapepesi, okutiwa kubo "Ngidi," "Bopela," "Hlomuka," nangalaba baka Mgombane kaMatshiza, okutiwa kubo "Nzama." Nezinye njeke izizwe zika Ngcobo eseza hlakazeka umhlaba wonke. Njengokuba nizwile senginitshelile ukuti uMavuso, eyona nkosi enkulu ka Maraule, wemuka waqonda kwelase Koloni, wemuka engakafi uyise; nokuti uMhsiywa kaNcume ka Mgabi kaMapoloba wake amazwe amakulu awabanzi, ase'el'awatenga ngemali njengoba pela nani niyazi ukuti eKoloni kakufani nala pa eNatal nakwaZulu. Kunjaloke bakiti, amaNgcobo agcwele umhlaba wonke kuleli eliseningizimu ne Africa. Namhlanje kambe, amaNyuswa namaQadi asetata izintombi zakwa Ngongoma nezakwa Tshangase, nabo laba bakwa Ngongoma nabakwa Tshangase sebegila wona lowo mkuba, seku ingxoviya nje, akusaqondakali ekona kuyiko. Asazi pela ngoba kade kwasa. Abanye abantu abavami ukubuza izindaba kulabo abangapambili kwabo; kungalokoke kuvama ukuba badukelane balahlekelane, bese betatana bengazani. Angisho mina ukuti uyolile lowo mkuba. Futi lomkuba omubi uvame ukuqala ukwenziwa amakosi, ekangwa zintombi zohlobo lwakubo ebona zizinhle, abes'eti po, ngizakubuzwa ngubani loku kwenziwa yimi nje mina nkosi? abesedhlula umuntu enze okubi, ekubona ukuti aku lungile.

12. Ake seqe futi kaloku sibuyele kumaFuze eMvoti. Bati uba bafike batolwe emaDungeni, bahlala baza bandela kona, basebetata nemkuba yokuhamba kwamaDunge, yokucaza ubuso njengamaZotsha namaBaca, nokunye konke okwabe kwenziwa kona. Abanye pakati kwabantwana balaba abadingiswa bakulela emaDungeni, ungati inxa ubuza kuye uti "navelapi, nadabukapi," akutshele aze sqinise ati "asdabuka emhlangeni eMvoti," engakulumi nje ngalendaba enginitshela yona, etsho ukudabuka okunjenga loko kuka Adam no Eva okutiwa badabuka ensimini yase Eden. Kunjalo ke, kwenziwa yiloku kwokuba abantu bengavami ukuxo xela abantwana babo izindaba ezingapambili kwabo bengakazalwa. Ake nizwe nanti inubo lika Madhlenya kaMaraule elibongwa ukupatwa kahle kwake yinkosi yasemaDungeni:—

"Wolondoloza njalo kosi yamaDunge!

Washiya abakubo behlezi kahle."

Lelorabo lipete ukudinga nokuhlupeka kwokuxotshwa pakati kwabakubo ngombango lowo owaqamuka kubantwana na bakaGasela, okwati uba bafike kona, inkosi yasemaDungeni yabapata kahle kakulu ngoku bahlonipa, kwaze kwasekungati ngabantu bakona bokuzalwa uqobo, njengokuba nizwile, nginitshelile ukuti baza bahlukaniswa nguTshaka emva kwezizukulwana eziningi, bepetwe kahle. Nanamhla loku kungati inxa kufika inkosi yasemaDungeni ku Langalake angayihlabisa izinkabi, kutiwe kufike inkosi yakona enkulu.

13. Yebo ke: kwati uba bamuzwe abakubo uMagwaza, wati umfo wabo omkulu, uFulela (olisokanqangi lika Matomela), watuma amadoda okuyakumhlenga uMagwaza kwaBaca, bahamba nenkomo yokuhlenga. Uzwani ke! kwafika kwaba kuhle naku Madzikane loko, babuya naye. Kunjalo njalo izwe seiaba elamakoboka, izinkomo pela aziseko se. loku zadhliwa nguZulu; nencinyane ekona ekaya lapo ngeyezintombi zika Mkalipi esezendela emakosini kuFabase ka Kopo inkosi yasemaKabeleni naku Nobanda inkosi yakwaMpumuza, (uFabase watata zaba mbili, uNobanda wayitata yabanye). Kwatike uba zende lezo ntonbi uFulela walobolisa, watola izinkomana ezingengaki. Kwatike uba afike ekaya uMagwaza, abantu bayise babona ukuti noma bemtolile nje lomuntu namuhla, kodwa ngokungamtombi kwabo bayabona ukuti uzakupinda eqe abashiye; basebecabanga befuna icebo lokumbopa ukuba ahlale ndawonye; babona ukuti kuhle bamfunele intombazana abe umfazi wake, kona eyakuhlala naye angamshiyi. Nembala bavumelana ngolelo zwi. Basebesuka, nampaya beya kuKuzwayo kaNdindi wakwa Mkaba kwa Zondi, bafika bacela udade wabo owabe etombile egemgonqweni, bacela ukuba'avume ezekwendela ku Magwaza. Uzwani ke, po izwe selafa lonke seli amahobo nje, naye uKuzwayo wakuzwa kwaba kuhle loko, ezwa kutiwa inkosana kaMatomela ifunelwa ukuba itate udade wabo (ngoba sezi kona izinkomana eziyingcozana esezike zatolwa ngumne wabo uFulela kubakwe nya wabo). Wavuma ukuba udade wabo uNomshiywa elinye uCakela kaMlange, ayekwendela kuMagwaza. Naye futi uFulela waganwa yintombi ka Jiji, wazibula ngendodakazi uMbhubuzo, wabuya welamanisa amanye am.dodakazi. Wati uMagwaza wazibula ngendodana, uNonkokela. Nayo ke futi inkosi uGintwa waganwa kuyo leyonkati, waganwa yintombi kaSidhlokovu wakwa Zuma. Kepa kuleso sikati kwasekukona ukubuzula okuzwakala ukuti kukona umbango kubantwana benkosi oGeuka no Gintwa; uGeuka eseqala ukuvumisa abantu ukuti nguye oyinkosi kaMaraule esikundhleni sika Mavuso. Po ke, ngoba enegama futi nakwa Zulu, nabantu basebeqalile ukuba nhlembenhlembe, nokumvumela ubanye. Anokumbula kambe ukuti umuntu anolimi lokunxenxa abanye, ekwenza loko ngobuqili azi ukuti kasiyo inkosi uyatshetsha uku vunyelwa ngabantu, nokuti ubuqili obu njalo bavama ukukanya kwabanye, labo abasuke bebubuka bebake imikanya.

14. Kanti kunjalo njalo, uGeuka ndini usehambe wayakumhlala uGintwa kwaZulu ukuba abalawe. Wafika watshela induna yakwaZulu wati kwabatunywe ukuyakubulala uGintwa "Niyakumbona yena (Gintwa), indhlu yake alala kuyo ingasenhla kwazo zonke lapo ekaya; aze ati uba apume ekuseni eya kutshobinga nimgwaze; nimbulale yena yedwa, ningabagwazi abantu, ngoba pela nani ngibanga bona." Nembala wati etuyapuma uGintwa ekuseni, kanti nampa abantu benge bangaki, sebemqa pele, bamgwaza, wapela kona lapo; besebayesuka njalo sebebuyela emuva bona. Nango ke uMasidhlokovu (engu makoti engakatati nasisu) noMadhlenya umnawabo kaGintwa begijima bobabili beya kuMsgwaza (onguyisekazi wabo), beyakumbikela okwenzakeleyo. Ute uba akuzwe loko uMagwaza, waqonda ukuti ngu Geuka lowo owenze loko okubi ngoba ebanga; kabange esa kuluma luto, ukupela watata abantu bake abange bangaki, kanye nabo abantwana benkosi lalo bobabili (uMadhlenya nomakoti) nomkake uNomshiywa wabeleta ingane yake uNokokela waba seuyahamba njalo uyeqa, engaziwa bantu abaningi. Pela yena wabe ene sibindi sobudoda, eliqawe futi, nezibongo zake zitsho kona loko, ziti:—

Umagwaza ngobhokwana.
Umnumzane ozihlabanelayo.
Unodhladhlaiyana, unonkayomhlope.
Uzacis'umuntu etshaya uselwa.
Induku legwegwe,
Egwegwe uMaziyana ka'Sozimbuzi;
Owacita Qakaqa kaBhunyana
emazibukweni emZinyati.
Wacita uMhlana wambhekisa kweli senhla.
Isiqova esihle samakosi.

Nangoke ehamba ewela uTukela; uhamba njalo uharube ebulala iziliwane zasendhle—izindhlovu, kanye nazo zonke izinyamazane, izimvubu, izinyati, nezingulube zasendhle. Kwakuti kungabulawa inyamazane enkulu kuleyo ndawo kuhlalwe kwakiwe lapo, kuze kudhlule kumbe namalanga alishumi, mhlaumbe inyanga yonke. Bahambake baze bawela uMngeni, baze bafika Ezhlosane, (intabu enkulu eyabe ivame izindhlovu). Lapake bafika edunenni elikulu lika Fodo ka'Nombewu, inkosi yamaDhlamini, lelo'duna elabe lipete isizwe igama lalo ngu Nonkomo ka'Ndindi. Bahlala isikati eside lapo, umsebenzi omkulu ka Magwaza kwabe kungukubulala izindhlovu lezi nezinyati kanye nezimvubu, kona kuzautengiswa ngamazinyo ezindhlovu nezikumba zezinyati nezimvubu, atole izinkomo emaBhunwini, loku pela ayesekona lapa ngaleyo nkati, uNonkokela kabonange ondhliwa ngobisi lwenkomo, ukupela kwabe kugaywa izibindi zezinyamazane sezomile, enzelwe incumbe ngazo. kwabe kuhanjwa qede ukuyakuzingela uNonkomo asale ebeletise uMadhlenya izingane, ngoba eti pela yena ungumfazi loku kahambile namadoda usele ekaya. Kuhambe kwahamba kwaze kwezwukala kuMagwaza loko, watukutela kakulu. Enye into eyatukutelisa uMagwaza kwaba yilena:—Ukuba ati uNokomo azing'etata izimpondo zendhlovu ezibulewe nguye uMagwaza ati makube ezake, loku pela uMagwaza ukonze kuye. Kute-ke ngokunye usuku uba akwenze loko uNonkomo, watukutela wacinywa ngamanzi uMagwaza, kabe esatanda noma kukulunywe kakulu, wahamba waya enkosini uFodo uqobo, waya kucela izwe. Nembala wafike waba nenhlahla, inkosi yamupa izwe, yamupa lona leli elake amaFuze namuhla, yati ngelake. Ute egoduka lapo uMagwaza ejabulile wafike wayitabata inkosi nomakoti, nabantu bonke laba bake owabe'hamba nabo, wayaukwaka amadokodo ezweni elipetwe ngu Fodo. Waletula-ke izwe lelo ku ndodana yake uMadhlenya; watike uMadhlenya walahlukanisa kabili, inxenye yaba ngeyake enye yaba ngekaMagwaza. Kwase kutunyelwa eMvoti kwayakubizwa abantu ukuba behle bezaukwaka lapa ngase' Mgu'ndhlovu. Po, abantu abatandanga kakulu ukutshetshela ukuzaukwaka bashiye izwe lakubo abadabuka kulo. Futi kwaba kuhle nje kwabanye ukuzihlalela eMvoti, sebemvuma yena uGeuka ukuti nguye inkosi yabo.

15. Kunjalo-ke ukutolwa kwaleli'zwe osekwake amaFuze kulo namuhla, ngelika Magwaza umninilo owalipiwa ngu Fodo inkosi yakwa Dhlamini. Futi loko kweqa kwesitatu kuka Magwaza wabe engazibalekeli yena nje uqobo lwake, wabe efihla ikanda lomntwana wenkosi uMadhlenya, ebona ukuti inxa ehlezi kulendawo, uzakubulawa naye loku umnewabo uGintwa us'ebulewe, ebona abanye abantu sebeqalile ukuvuma uGeuka ukuti uyinkosi, nokoke abantu bezwa sebebizwa yinkosi yakubo babengenqabe bonke ukuza lapo bebizelwa kona; behla ngabanye, ngababili, baze balinganisa osongati bangaba baningi. Lakiwa-ke leli'zwe lakwamaFuze. Kwasekute pambili kwaloko, uMagwaza wabahlanganisa oMadhlenya no Masidhlokovu, wazalwake Hemuhemu, noNgiuiza noMalamba, okwuziwayo ukuti uMadhlenya wabazalela umnewabo uGintwa. Emva kwalokoke naye uMadhlenya waganwa ngeyake inkosikazi, wazala uMalanda. Labo bonke-ke sebezalelwa kulo leli'laseMgungundhlovu ngu noNkokela kaMagwaza yedwa owazalelwa eMvoti, wazalwa ngezinsuku ezimbi ezimnyama. Wakiwake umuzi omkulu wenkosi was' Enzondweni, lapo ikehla leli nensizwa kwabe kudhla umunyu; wakile futi omkulu kaMagwaza was'Ekukopozeni owabe unezinhlungambili ngantatu ezinye izindhlu zingemuya kwezinye nawo amaFuze ab'ezinge efika njalo bati abendhlu yangakomkulu baye Enzondweni, bati abendhlu ka Dileka bayokwaka Ekukopozeni, njalo, njalo, yaze yagcwala imizi, kwafanela ukuba eminye imizi iqale ukwaka ngapandhle kwaloku. Kwati uba igcwale swi imizi yomibili, kwaqalwa kaloku ukuba kubuswe, nokuba kusinelwane amajadu inkosi okwabe kusinelwana nayo eduze kwabe kunguLugaju kaMatomela ka Tshisa, inkosi yakwa Zuma yakwaNxumalo owabe esinelana ijedu noMadhlenya. Wazalwa kuleyo nkati uSifile owelama uNonkokela. Aqalake ama Bhunu ukuhlupa nokutshaya amadoda amadala efuna amakosi ukuba awabulale, kanti uNdingane ukona yini futi lapa? Ati emtshaya umuntu abeti, sitshaya "uNdingane" kwaze kwaba uhlupo olukulu olwesebekayo lolo.

16. Akubanga sikati eside lagqabuka igodi uMpande wawela weza esilungwini kumaBhunu. Wafika ke umdidi ka Ndhlela. Kwasekufika Ekukopozeni uMfulatelwa ka'Ludaba wakwa'Majozi ehamba nomfowabo uNgoza. Wafike wadhlula uMfulatelwa kwasala uNgoza noMawile no Kwengce kanye nodade wabo uNombila. Labo bakake nabo ngapakati Ekukopozeni, bahlala, bahlala bakile, nangoke uMagwaza esegannwa uNombila udade wabo Ngoza. Pela Ekukopozeni lapo, abantu babendiselana ngapakati kwawo, abanye babe umtimba abanye babe iketo, ngenxa yobukulu bomuzi. Waganwake naye uNgoza waganwa uMamkumbane, intombi yakwa Sitole, bamketela kona lapo Ekukopozeni. Akubanga kusaba isikati eside afika amaNgisi eseze'kutabata leli'zwe emaBhunwini. Walwake uSmiti eTekwini. Wazalwa ke umufi owabe elama uSifile, owabe qanjwe ngokuti uSmiti, owatshetsha ukutshona esengumntwana. Yenake welanywa ngu'manawami owabuye wabizwa ngegama ab'eseziqambe ngalo wati ungu "Shelemu" wagcina ngokubizwa kutiwe ngu "Magema." Kukuso leso sikatike lapa oMkizwana ka Nogumba wakwa Tshangase beno Kofiyana bato la amagama apakemeyo, ngenxa yokuziza impi ka Smiti eyabe isivinjezelwe ngeyamaBhunu eTekwini; watike yena uFunwayo kamPopomo wakwa utuli wabulala amaBhunu az'akeleyo wadhla izinkomo zawo. Kuleyonkati yokuza lwa kuka mana wami, ezalwa nguMagweza noCakela, noFulela benentombi kaMpenyase wakwaMalinga bazala uNtungunono, owabuye wabizwa ngokuti ngu Jazi owabe engu Gqokoko; uMagwaza wabuye wazala futi enye indodana eyelama uManawami wayibiza ngokuti uNdokweni, elinganisa ngalelo bizo ukuzalwa kuka Dindi ukoko wake owazala amadodana amatatu wagcina ngeyesine uNdokweni engetemba ukuti nizaukuyizwa yonke leyondaba lapa ngezansi. U Ntungunono welanywa ngu Nzaka, wagcina ngo Sigweje ento njini kaMpenyase wakwa Malinga. Udade wabo Ngoza uNombhila wazibula ngendodana uyise wayiqamba wati, ngu Malingane, elinganisa ukuti loku sengi zelo uManawami, okungukuti umkwe nyana wami, nanguke umlingane wake abatatelene naye izintombi. UMlinga ne welanywa yindodakazi uNomangcobo noMfihlo noLangisiki, noPepela, no Masoka, noNhlambase. Kwabe kute ngamhla amaBhunu ehlasela eseyauku lwa noZulu, uMagwaza wahamba nawo ute esebuya wabe eseza nowesifazane uNokuntula, intombi yakwaDhlamini owazala uMtshikwana ka Mqongo, eyozala amadodakazi amabili oNomuva na Pahlakazi nendodana eyodwa uDindi eli nganisa ngaye ukoko wake lowo inkosi uDindi owabazalayo.

17. Kuleyo nkati amaBunu ayehlupa abantu ngayo, ebulala amakosi, yiyo abulala ngayo uDhlaba, inkosi enkulu yakwa Zondi eyozala uDibinyika uyise kaMzimba owazala uMagqubu. Hau, akula njaloke amaBhunu ekuhlupeni nasekubulaleni amakosi.

UMUTI ONGCONO

IChamberlain's Salve ingumuti ongcono ongase uwnfumanise, ckwelapeni izilonda zokutsha, amabele abuhlungu, nezandhla ezilimeleyo.